ARMSCOR
Armaments Corporation of South Africa Ltd

INCWAJANA EPHATHELENE NOKUFINYELELA ULWAZI

ISIFINGQO: LO MBHALO UHLELWE NGOKWESIGABA 14 (1) SOMTHETHO, WENOMBOLO-2 KA-2000 WOKUPHAKAMISA UKUFINYELELA ULWAZI SIQUKETHE ULWAZI NGAMAREKHODI ASEZANDLENI ZE-ARMSCOR.

USUKU OKUGUNYAZISWE NGALO LOMBHALO: 2008-05-14

IKHASI LEMVUME

	14 / 05 / 2008
ILUNGISWE NGU: NE MUHLWA I-OFISA ELILUNGISELA UKUBA UMTHETHO UHLONISHWE	USUKU
	14 / 05 / 2008
LISEKELWA NGU: WJM ROBERTS OBAMBELA UMENENJA OMKHULU WEZINSIZAKALO ZEZOMTHETHO	USUKU
	14 / 05 / 2008
IVUNYWE NGU: PM TEFFO OBAMBELA UMENENJA JIKELELE IHHOVISI LOBUBHALANE BEBHODI NEZINSIZAKALO ZEZOMTHETHO	USUKU

UMLANDO WOKUGUQULA

				Ukulandelai-CM	
				Igama	Amanishela
001	17-03-2003	Ukukhipha	N/A	Phiri	MO
002	11-10-2004	Ukubuyekezwa	DCP000130	Phiri	MO
003	2008-04-30	Ukubuyekezwa	DCP000245	Phiri	MO

UHLU LOKUQUKETHWE

1.	ISANDULELO	5
2.	INHLOSO YALE MANYULE	6
3.	IMIBHALO	6
3.1	Imibhalo efanele	6
3.2	Imibhalo engamareferensi	6
4.	IZINCAZELO / IZIFINYEZO	6
5.	IMININGWANE NGOKWESIGABA -14 SOMTHETHO	8
5.1	Umbononqangi	8
5.2	Inhlosonqangi	8
5.3	Imisebenzi	8
5.4	Isimiso	9
5.5	Imininingwane yokuxhumana	11
5.6	Umhlahlandlela Wesigaba	12
5.7	Ukuvezwa nokutholakala kwemibhalo ethile	12
5.8	Indlela okumele ilandelwe lapho kufakwa isicelo	12
5.9	Izinsizakalo ezitholakalayo	13
5.10	Uhlelo oluvumela ukuhlanganyela komphakathi ekubunjweni kwenqubomgomo	14
5.11	Izisombululo ezikhona uma ngabe imibandela yalo Mthetho ingahlonishwa	14
5.12	Ukubuyekeza iManyule	14
5.13	Ukutholakala kwale manyule	14
6.	AMAGUNYA	15
6.1	Owengamele inqubo	15
6.2	Ukuxhumana	15
6.3	Ukusetshenziswa	15
6.4	Ukubuyekeza	15
6.5	Ukuphatha Imininingwane	15

1. ISANDULELO

Inhloso yale manyule ukukhuthaza ukungabi nesifuba kanye nokuziphendulela kwa-Armscor. Ikhuthaza noma ngabe yiliphi ilungu lomphakathi ukuba lithole ulwazi ngamarekhodi noma likwazi ukufinyelela kumarekhodi asezandleni ze-Armscor. Iphinde ichaze ngenqubo elandelwayo uma kucelwa lawo marekhodi.

Lemanyule ihlelwe ngokwemibandela yoMthetho wokuThuthukisa uuFinyelela koLwazi ka-2000, (uMthetho) uMthetho onikeza umphumela kumalungelo omthetho wokufinyelelela kunoma ngabe yiluphi ulwazi olusezandleni zikaHulumeni kanye nanoma yiluphi olunye ulwazi esezandleni zomunye umuntu olungasetshenziselwa oludingekayo noma ukuvikela noma ngabe yimaphi amalungelo.

Le manyule ikhiqizwa iphinde ishicilewe ngezilimi ezintathu: isiNgisi, isiBhunu kanye nesiZulu okungumzamo wokukhulisa ukufinyelela kwawo wonke aMalungu oMphakathi waseNingizimu Afrika olwazini lakwa-Armscor. I-Ofisa Yesigungu Enkulu,okuyilona Ofisa Lolwazi ngokulandela umthetho, unikezela ngamandla kuma-Ofisa Wolwazi Angamasekela njengoba kubekiwe esigabeni 17 (3) soMthetho.

Le manyule isebenza naku-Armscor Business okuyinkampani yakwa-Armscor kanye nalezo zinkampani eziwela ngaphansi kwayo.

Mnu. HS THOMO

I-OFISA YESIGUNGU ENKULU

YAKWA-ARMSCOR

2. UBUBANZI BALE MANYULE

Le manyule ihlelwe ngokweNhlangano Yezisetshenziswa Zempi Zaseningizimu Afrika(i-Armaments Corporation of South Africa Ltd (i-ARMSCOR)), kufaka phakathi ne-Armscor Business (Pty) LTD okuyinkampani yakwa-Armscor ngokuphelele.

3. IMIBHALO

3.1 Imibhalo efanele

3.1.1 Umthetho we-2 ka-2002, Wokuthuthukisa Ukufinyelela Ulwazi.
3.1.2 Umthetho wama-54 ka-1997 Wamadephosithi Asemthethweni. Umyalo Weno. ye-187 womhlaka 15 kuFebruwari ka-2002(IgazethiYeNo.-23119 iVol. Yama-440) .

3.2 Imibhalo engamareferensi

3.2.1 Umthetho wama-108 ka-1996, Womthethosisekelo waseRiphabhuliki yaseNingizimu Afrika

3.2.2 Umthetho we-3 ka- 2000, Wokuthuthukisa Ukuphatha Ezobulungisa.
3.2.3 Umthetho wama- 43 ka- 1996, WemilandoYesizwe Kazwelonke yaseNingizimu Afrika.
3.2.4 Umthetho wama-51 Wenhlangano Yezisetshenziswa Zempi zaseNingizimu Afrika Zomthetho Onqunyelwe…
3.2.5 I-A-PROC-10031 Yokuthuthukisa Ukufinyelela Inqubo Yolwazi…

4. IZINCAZELO / IZIFINYEZO

Uma ngabe kukhona ukungahambisani noma ukushayisana kwezincazelo, izincazelo ezisemiThethweni efanele izobhekwa kuqala.

“UmThetho”	UmThetho wokuthuthukisa ukufinyelela uLwazi.
“Armscor”	I-Armaments Corporations of South Africa and Armcor Business (Pty) Ltd.
“OSebenza ngoLwazi”	I-ofisa Yesigungu Enkulu yakwa-Armscor noma lowo muntu osabambe okwesikhashana.
“INdawo yokuXhumana”	Indawo eyinkaba yokuhlela kanye nokuqapha izicelo ezemukelwe ngokwalo mThetho.
“SAHRC”	Ikhomishana yamaLungelo eSintu yaseNingizimu Afrika.
“I-SADSO”	INhlangano eBhekene nokwesekwaa ukuThunyelwa kwezokuVikela kwaManye

	amaZwe.
“I-DIP”	Ukubamba Iqhaza kweZezimboni zokuVikela.

ISIGABA -14: IMANYULE YAKWA-ARMSCOR

5. IMININGWANE NGOKULANDELA ISIGABA- 14

A. Imisebenzi kanye nezimiso zakwa-Armscor - Isigaba -14 (1)(a)

5.1 UMBONONQANGI

I-ARMSCOR iyinhlangano yaseNingizimu Afrika ngokugcwele ehlonishwa kuleli lengabadi kanye nasemazweni omhlaba njengesizinda Semisebenzi emihle kakhulu kwezokutholakala kwezidingo zokuvikela, kanye nezinsizakalo ezelekelelayo.

5.2 INHLOSONQANGI

Inhlosonqangi yakwa-ARMSCOR ukuhlangabezana nezidingo zokuthola, ukugcina kanye nezidingo zokushabalalisa zoMnyango Wezokuvikela waseNingizimu Afrika kanye namanye amakhasimende ngokuphathelene nezisetshenziswa zezokuvikela, imikhiqizo ehambisanayo nalokho kanye nezinsizakalo ezihambisana nalokho. I-Armscor igcina inqubo yokwazi ukwenza futhi ithuthukisa ukuzivikela kwendawo- izimboni ezihambisanayo.

5.3 IMISEBENZI

Umsebenzi omkhulu we-ARMSCOR ukuba ithole izisetshenziswa zokuvikela, ikakhulukazi i-SANDF kanye nezinye izinsizakalo zokuvikela ezinjenge-SAPS kanye neZinsizakalo Zokulungisa iZimilo njengoba kugunyazwe nguMthetho.

Iqhaza le-ARMSCOR lokuba ithole okudingekayo lifaka phakathi konke okumele kwenziwe ngenhloso yokufeza izidingo zalezo zisetshenziswa ezifunekayo, izikhungo noma izinsizakalo okumele zisetshenziswe noma ekusekeleni izidingo zamakhasimende. Lokhu kufaka phakathi ucwaningo lwesikhathi eside olusetshenziswayo, ukuhlelela izidingo, ukwakha kanye nokuthuthukisa ubuchwepheshe, ukwakha kanye nokuthuthukisa imikhiqizo kanye nezinhlelo, kanye nokwakha izimboni kanye nokukhiqiza imikhiqizo evuthiwe kanye nezinhlelo ezifinyelela zonke izidingo ezizosetshenziswa nguHulumeni.

5.4 IZIMISO

(a) IZIMISO ZE-ARMSCOR

UKUHLELEKA KWESIMISO SAKWA-ARMSCOR



(b) ISIMISO SEZAMABHIZINISI SAKWA-ARMSCOR



5.5 Imininingwane yokuxhumanaIsigaba 14(1)(b)

I-Ofisa YoLwazi (IO)

Isikhundla	:	I-Ofisa Yolwazi Yesigungu
Ikheli Leposi	:	Private Bag X 337 Pretoria 0001
Izinombolo Zocingo	:	012 428 2113
Inombolo Yefeksi	:	012 347 0049

ISekela le-Ofisa YoLwazi (onegunya lesikhundla se-Ofisa Yolwazi ngokweSigaba 17(3))

Isikhundla	:	Umenenja Jikelele: IzindabaZebhizinisi
Ikheli leposi	:	Private Bag X 337 Pretoria 0001
Izinombolo zocingo	:	012 428 2338
Inombolo yefeksi	:	012 428 2377

ISekela le-Ofisa YoLwazi (onegunya lesikhundla se-Ofisa YoLwazi ngokweSigaba 17(3))

Isikhundla	:	Umenenja Jikelele Ezamabhizinisi Akwa-: Armscor
Ikheli leposi	:	Private Bag X 337 Pretoria 0001
Izinombolo zocingo	:	012 428 1911
Inombolo yefeksi	:	012 428 5635

UmThetho ophathelene Nokuthuthukisa Ukufinyelela Ulwazi eNdaweni eXhumanisayo (lapho kwemukelwa kuphinde kubhaliswe khona izicelo ngolwazi kanye nokuqapha ukuhambisana nalo mThetho)

Isikhundla	:	Izinsizakalo Zomthetho Zakwa-Armscor
Ikheli leposi	:	Private Bag X 337 Pretoria 0001
Izinombolo zocingo	:	012 428 2242
Inombolo yefeksi	:	012 428 2101

5.6 Umhlahlandlela weSigaba se-10 esiphathelene nokusetshenziswa koMthetho Isigaba-14(1)(c)

Incazelo Yomhlahlandlela kanye nemininingwane yabo yokuxhumana ihlelwe yi-SAHRC.

Izinhloso zoMthetho wokuThuthukisa ukuFinyelela Ulwazi, ka-2000 kanye nemininingwane yayo wonke amabandla omphakathi kanye nazimele iqukethwe kulo mhlahlandlela okhishwe yiKhomishane yamaLungelo eSintu yaseNingizimu Afrika. Imininingwane yeKhomishane yamaLungelo eSintu yaseNingizimu Afrika yilena elandelayo:

The South African Human Rights Commission
PAIA Unit
P.O. Box 2700
Houghton
2041

Izinombolo zocingo	:	011 484 8300
Inombolo yefeksi	:	011 484 1360
Iwebhusayidi	:	www.sahrc.org.za
Ikheli le-emeyili	:	PAIA@sahrc.org.za

5.7 Ukuvezwa nokutholakala kwemibhalo ethile

Imibhalo namarekhodi asezandleni ze-Armscor azokucelwa njengokuba kuchazwa esigabeni 18(1) somthetho.

5.8 Indlela okumele ilandelwe lapho kufakwa isicelo

a) Ofaka isicelo kumele alandele zonke izidingo okumele zilandelwe eziqukethwe wuloMthetho eziphathelene nesicelo sokufinyelela kumarekhodi.

b) Ofaka isicelo kumele agcwalise ifomu elibekiwe elifakwe lapha kulesiThasiselo-A bese lihambisana nenkokhelo noma isiliphi sokufaka imali ebhange yemali yesicelo, uma ngabe kulindelekile eHhovisi eliXhumanisayo ekhelini leposi noma ekhelini lendawo, inombolo yefeksi noma ikheli le-e-meyili njengoba libekiwe emininingwaneni yokuxhumana ngaphansi kuka-B.

c) Amafomu abekiwe kumele agcwaliswe ngokufanele ukuze osebenza eHhovisi eliXhumanisayo akwazi ukukubona –

- v irekhodi noma amarekhodi acelwayo;
- v imininingwane yalowo ofaka isicelo;
- v igunya isicelo esifakwe ngaphansi kwalo;
- v yiliphi ifomu lokufinyelelela elidingekayo, uma ngabe leso sicelo semukelwa, kanye
- v nekheli leposi noma inombolo yefeksi yalowo osuke efaka isicelo.

d) Uma ngabe isicelo sifakelwa omunye umuntu, lowo osuke efaka isicelo kumele athumele ubufakazi begunya asuke efaka isicelo ngaphansi kwalo ukwenzela ukwenelisa I-ofisa yolwazi.

e) Uma ngabe umuntu engakwazi ukugcwalisa ifomu elibekiwe ngenxa yokungakwazi ukufunda nokubhala noma ekhubazekile, noma ngenxa yokuthi lowo muntu angafaka isicelo ngomlomo, isicelo sizobhalwa phansi efomini yi-Ofisa Lolwazi Lehhovisi Elixhumanisayo bese enikezwa ikhophi yalelo fomu kofake isicelo.

f) Ofaka isicelo kumele akhokhe imali ebekiwe ngaphambi kokuba kuqhutshekwe nesicelo. Imali yokufinyelela inqunywa ngokuthi kubhekwe izindleko zokukhiqiza kabusha nokuthungatha kanye nesikhathi sokuhlelela kanye nezindleko, zeposi..

Imininingwane ye-ARMSCOR yaseBhange:

Abazozuza:	Armaments Corporation of South Africa Ltd.
Ibhange:	ABSA Bank
Igatsha:	Menlyn, Pretoria Branch
Inombolo yegatsha:	3356 4518
Inombolo ye-akhawunti:	2310143807
Ireferensi yedipozithi:	SP 180200040132020300

g) Ofaka isicelo uzokwaziswa ukuthi ukufinyelela kuyemukelwa noma kuyenqatshelwa. Uma ngabe, ngaphezu kokunye, ofaka isicelo ufisa ukwaziswa ngesinqumo sesicelo nganoma yiyiphi indlela, kumele abhale acacise afake nemininingwane mayelana nalokhu.

h) I-Ofisa yeeHhovisi lokuXhumanisa izogodla irekhodi ukuze lowo ofake isicelo akhokhe imali efunekayo njengoba kubekiwe.

5.9 Izinsizakalo ezitholakalayo - Isigaba -14(1)(f)

1 Inhlangano yokweseka Ezokuvikela YaseNIngizimu Afrika (I-SADESO)

I-SADESO, egameni likaHulumeni waseNingizimu Afrika kanye neziMboni eziPhathelene nokuVikela zaseNingizimu Afrika, ngezimiso zikaHulumeni zokusekela ukuthunyelwa kwemikhiqizo kwamanye amazwe, imizamo kanye nendlela yokukhuthaza, yelekelela umkhankaso wokuthunyelwa kwamanye amazwe imikhiqizo yaseNingizimu Afrika, ngenhloso yokuphakamisa

amathuba okuthumela imikhiqizo kwamanye amazwe.

2 Ukubamba Iqhaza eMbonini yokuVikela (DIP)

I-DIP iyinqubo okuthi ngayo lokho okusuke kuthengwa eMbuthweni wezokuVikela kusetshennziswe njengento ephoqa othengisa imikhiqizo yezokuvikela kwamanye amazwe/izinsizakalo ukuba ahwebe ngezinto eziphathelene nezokuvikela neNingizimu Afrika ngokulingana ukuze kuqhutshekiselwe phambili ezempi kanye nemboni yezokuvikela.

3 UkuThuthukiswa AmaBhizinisi AmaNcane

Iyunithi yokuThuthukisa amaBhizinisi amaNcane iphakamisa iphinde yelekelele ukwethulwa kwama-SME njengabantu abaphakela i-Arsmcor, bese iphakamisa ukuNikezwa kwamaBhizinisi aBantu abaMnyama Amandla ngaphakathi kwamabhizinisini endawo kanye nohlobo lwama-SME kanye nalabo abakwamanye amazwe abaphakela ngemikhiqizo.

5.10 Uhlelo oluvumela ukufaka isandla komphakathi ekwakhiweni kwenqubomgomo kanye nokusetshenziswa kwegunya – Isigaba-14(1)(g)

Ngesikhathi sokushaywa komthetho, amalungu omphakathi jikelele angahambela izigcawu zeKomidi lePhalamende bese efaka imibono uma ngabe enikezwa ithuba lokwenze njalo yiPhalamende.

5.11 Izisombululo ezikhona uma ngabe imibandela yalo Mthetho ingahlonishwa - Isigaba -14 (1)(h)

Uma ngabe kunesimo lapho lo Mthetho ungahlonishwa khona yi-Armaments Corporation of South Africa Ltd kanye ne-Armscor Business (Pty) Ltd, lowo osuke ekhalaza noma leso sikhungo esisuke sikhalaza kumele sithole isisombululo enkantolo yoMthetho.

5.12 Ukubuyekeza iManyule - Isigaba -14(2)

Umzimba womphakathi kumele, uma ngabe kunesidingo, ubuyekeze uphinde ushicilele izincwajana zawo okukhulunywe ngazo esigabeni (1) seSigaba 14, ngezikhawu zesikhathi esingevile onyakeni.

5.13 Ukutholakala kwale Manyule - Isigaba -14(3)

Le manyule yenziwe ukuba itholakale ngale ndlela elandelayo:

4 Ithunyelwe kuKhomishane yamaLungelo eSintu yaseNingizimu Afrika
5 Ishicilelwe kuwebusayithi yakwa-ARMSCOR ku www.armscor.co.za

6 Ehhovisi ngalinye le-Armscor kanye neBhizinis lakwa-Armscor.

6. AMAGUNYA

6.1 Owongamele inqubo

Umenenja Omkhulu: Izinsizakalo Zomthetho yinqubo yokwengamela yale Manyule.

6.2 Ukuxhumana

Imenenja : Yolwazi nezinsizakalo Zemibhalo unesibopho sezokuxhumana salemanyule ngokusebenzisa okwe-elekhthroni kubo bonke abasebenzi bakwa-Armscor.

6.3 Ukusetshenziswa

IMenenja eNkulu: Izinsizakalo lweZomThetho inomsebenzi kwezokusetshenziswa kwale manyule ngemuva kokuba isimukelwe.

6.4 Ukubuyekeza

Le manyule izawubuyekezwa ngowengamele unyaka ngonyaka noma uma kunesidingo

6.5 Ukuphathwa kweMininingwane

IMenenja eNkulu: Izinsizakalo zeZomThetho inomsebenzi wokuphatha imininingwane.